



Edition 73  
IsiZulu, English

It starts with a story...

## Get your children writing

**As parents we know that literacy is important. And so, a growing number of us read regularly to our children. But there is another part to developing their literacy, namely writing.**

We don't only use writing to pass exams and get a job. It is something that we use every day in different ways to get things done and to communicate with others.

Writing is like many crafts – the more you do it, the better you become at it and so the easier you find it! As parents and caregivers we have a special role to play in developing our children's writing. It is not our job to teach our children to write. Our job is to encourage them to use writing in their daily lives as much as possible. Here are some of the different ways that you can do this.

- Make sure that you have a supply of paper, crayons, pens and pencils at home. Keep them in a place that is easy for your children to reach on their own so that they can draw and write whenever they choose to do so.
- Drawing is often children's first step towards writing. Show an interest in their drawings by making encouraging comments and asking them about their pictures, for example: "That looks like an interesting house to live in. Who lives there?"
- Give your children opportunities to use writing to organise their lives. For example, let them write lists – a shopping list, a list of things that need to be taken to school tomorrow, a guest list for a birthday party. Don't worry about spelling. Learning to spell correctly comes with lots of writing practice. If you can't read something on the list, ask them to read it for you!
- Find opportunities for your children to use writing to communicate with others. Let them: write their names on greeting cards, write thank-you notes, write messages to family members at home and write emails or letters to friends and family who live further away.
- Encourage your children to keep journals in which they can write about anything they like: their feelings, things that happened at home and school and/or things they want to remember. Respect your children's privacy and only read their journals with their permission.

**For more tips and ideas on encouraging children to write, go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)**

## Yenza izingane zakho zibhale

**Njengabazali siyazi ukuthi kubalulekile ukwazi ukufunda nokubhala. Ngakho-ke siyakhuphuka isibalo sethu thina esifundela izingane zethu njalo. Kodwa kukhona enye ingxenye yokuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala, okuwukubhala.**

Ukubhala asikusebenzisi kuphela ukuphumelela ekuhlolweni noma ukuthola umsebenzi. Kuyinto esiyisebenzisa nsuku zonke ngezindlela ezahlukene ukuze senze izinto ezithile nokuthi sixhumane nabanye.

Ukubhala, njengamanye amakhono – uma ukwenza njalo, uya ngokucijeka kukho bese ukuthola kulula ukukwenza! Njengabazali nabantu abanakekela izingane, sineqhaza elibalulekile okumele silibambe ekuthuthukiseni ukubhala kwezingane zethu. Akuwona umsebenzi wethu ukufundisa izingane zethu ukubhala. Umsebenzi wethu ukuzikhuthaza ukuthi zisebenzise ukubhala ezimpilweni zazo zansuku zonke ngendlela ezingakwazi ukwenza ngazo. Nazi ezinye zezindlela ezahlukene ongenza lokhu ngazo.

- Qinisekisa ukuthi unamaphepha, amakhrayoni, amapeni kanye namapensela ekhaya. Kugcine endaweni okulula ukuthi izingane zakho zifinyelele kuyo ngokwazo ukuze zikwazi ukudweba nokubhala noma yinini uma zikhetha ukwenza kanjalo.
- Ukudweba kuvamise ukuba isinyathelo sokuqala izingane ezisithathayo esiqonde ekubhaleni. Khombisa intshisekelo kulokho ezikudwebayo ngokuphawula ngendlela ekhuthazayo nokuzibuza ngezithombe zazo, isibonelo: "Lokho kubukeka njengendlu enhle umuntu angahlala kuyo. Ubani ohlala laphaya?"
- Nikeza izingane zakho amathuba okusebenzisa ukubhala ukuze zihlelele izimpilo zazo. Isibonelo, zivumele zibhale uhlu – uhlu lwezinto ezizothengwa, uhlu lwezinto okumele ziye nazo esikoleni kusasa, uhlu lwabazomenywa emcimbini wosuku lokuzalwa. Ungakhathazeki ngokupelwa kwamagama. Ukufunda ukupela amagama ngendlela efanele kwenzeka ngokuzilolonga kaningi. Uma ungakwazi ukufunda into esohlwini, zicele zikufundele!
- Thola amathuba okuthi izingane zakho zisebenzise ukubhala ukuze zixhumane nabanye abantu. Zivumele: ukubhala amagama azo emakhadini ezilokotho ezinhle, ukubhala izincwajana zokubonga, ukubhalela umndenini osekhaya imilayezo kanye nokubhala ama-imeyli noma ukubhala izincwadi eziya kubangani kanye nomndenini ohlala kude.
- Khuthaza izingane zakho ukuthi zigcine amajenali ezingabhala kuwo noma yini eziyithandayo: imizwa yazo, izinto ezenzeke ekhaya kanye nasesikoleni kanye/noma izinto ezifuna ukuzikhumbula. Hlonipha ukugcina kwezingane zakho okuthile kuyimfihlo yazo bese ufunda amajenali azo uma zikunike imvume yokwenza lokhu.

**Ukuze uthole amanye amacebo nemiqondo yokukhuthaza izingane ukuthi zibhale, iya ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)**



Drive your  
imagination

Read to me. In my language.  
Ngifundele. Ngolimi lwami.





# Story stars

## Donating by drawing

Mieke van der Merwe is an art student at the University of Stellenbosch who illustrated some of the Nal'ibali stories on our website! We spoke to her to find out what she thinks about books and illustrating.

### Who read to you when you were a child?

My dad really spoiled me! He read to me before I went to bed every night until I was about 12 years old. He also used to take me and my brother to the library every week to pick out books.

### What was the first story you ever illustrated?

I have loved illustrating for as long as I can remember. I started going to art classes at the age of four. In Grade 4, I wrote and illustrated my first story about a baby who escaped from his cot to explore the big world!

### What children's books do you still enjoy?

I love all Roald Dahl's books, but my favourite is *The BFG*. As a child, it fascinated me how giants caught children's dreams in jars and I often imagined that they might come into my room while I was asleep!

### What made you decide to do illustrations for Nal'ibali?

I was doing research on the Internet and I came across the Nal'ibali website. I fell in love with Nal'ibali and knew that I wanted to become involved. I love that there are stories in different languages so children can read the story in their own language. It's also great how you can find stories in places other than a library – Nal'ibali brings them to you in the newspaper and on the radio, Internet and your cellphone!

### Finish these sentences:

#### Reading for enjoyment ...

... stimulates your imagination and broadens your vocabulary.

#### If I was a storybook character, I would be ...

... Liewe Heksie. I love how she can't really do magic even though she is a witch and how she always gets into trouble without even knowing it.



Mieke van der Merwe



Some of Mieke's illustrations  
Eminye yemidwebo kaMieke



# Abavelele ezindabeni

## Ukunikela ngokwenza imidwebo

UMieke van der Merwe ungumfundi wezobuciko obudweshwayo eNyuvesi yaseStellenbosch owenze eminye yemidwebo yezindaba zakwaNal'ibali esewebhusayithini yethu! Sixoxisane naye ukuze sithole ukuthi ucabangani ngezincwadi nokwenza imidwebo.

### Ubani owayekufundela izindaba ngesikhathi useyingane?

Ubaba wayenginakelakakhulu! Wayengifundela njalo ngaphambi kokuba ngiyolala ebusuku ngaze ngaba neminyaka ecishe ibe yi-12. Futhi wayengithatha nomfowethu siye emtatsheni wezincwadi masonto onke ukuze siyokhetha izincwadi.

### Iyiphi indaba yokuqala owayenzela imidwebo?

Kusukela ekuqaleni ukukhumbula kwami izinto ngangilokhu ngikuthanda ukwenza imidwebo. Ngaqala ukuthatha izifundo zokwenza imidwebo ngineminyaka emine. Ngesikhathi ngifunda iBanga lesi-4, ngabhala ngenza imidwebo encwadini yami yezindaba yokuqala eyayimayela nosana olweqa ekhothini yalo lwayothola ukuthi kwenzekani emhlabeni ongaphandle omkhulu!

### Yiziphi izincwadi zezingane osaziithokozela?

Ngizithanda zonke izincwadi zikaRoald Dahl, kodwa engiyithanda kakhulu i-*The BFG*. Ngiseyingane, kwakungihlaba umxhwele ukuvala kwemidondoshiya amaphupho ezingane emabhodloleni, futhi ngangiye ngicabange ukuthi ingangena nasekamelweni lami ngesikhathi ngisalele!

### Yini eyakwenza ukuthi unqume ukwenzela uNal'ibali imidwebo?

Ngangenza ucwaningo ku-inthanethi ngesikhathi ngihlangana newebhusayithi yakwaNal'ibali. Ngamthanda uNal'ibali ngavele ngazi ukuthi ngifuna ukuzibandakanya kuye. Ngithanda nokuthi izindaba zakhona zingezilimi ezahlukene ukuze zizingane zifunde indaba ngolimi lwazo. Futhi kuhle ukuthi ungathola izindaba nakwezinye izindawo ezingawona umtapo wezincwadi – uNal'ibali ukulethela zona emaphephandabeni kanye nasemsakazweni, ku-inthanethi nakumakhalekhukhwini wakho!

### Qedela le misho:

#### Ukufundela ukuzithokozisa ...

... kukhuthaza ukucabanga kwakho futhi kwandise namagama owaziyo.

#### Uma bengiwumlingiswa wencwadi yezindaba, bengizoba ngu-...

... Liewe Heksie. Ngiyakuthanda ukuthi akakwazi ukwenza umlingo kodwa ebe engumthakathi, nangendlela azithola ngayo esengene enkingeni engazi.



## Send us your reading moments and WIN!

Whether it's a photo of your child enjoying a bedtime story or a picture of them reading their first book, send us your children's reading moments to inspire others to create reading moments with their children too. Simply email your reading moment picture to [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), or share it on Twitter using the hashtag #ReadingMoments. If selected, your photo will appear on the Nal'ibali Facebook page, and you will receive a book to enjoy with your children, as well as a Nal'ibali T-shirt!

## Thumela izikhathi zenu zokufunda bese UWINA!

Noma ngabe isithombe sengane yakho ithokozela ukufundelwa ngaphambi kokulala noma isithombe sayo ifunda incwadi yayo yokuqala, sithumelele izikhathi sokufunda sengane yakho ukuze ukhuthaze abanye ukuthi nabo benze izikhathi sokufunda nezingane zabo. Vele uthumelele isithombe sakho sesikhathi sokufunda ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), noma wabelane ngaso kuTwitter ngokusebenzisa u-hashtag #ReadingMoments. Uma isithombe sakho sikhethiwe, sizovela ekhasini likaNal'ibali laku-Facebook, uzobe usuthola incwadi ozoyithokozela nezingane zakho, kanye nesikibha sakwaNal'ibali!




### Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

### Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina


1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.






“Oh my goodness, Charlene ... what happened here?”  
 “The goats! They ate up all my carrots and cabbages,  
 my cauliflower and beans, beetroot and spinach too.  
 Someone left the gate open!”  
 “It wasn't me.”

“Avu kodwa nkosi yami, Charlene ...  
 kwenzekeni la?”  
 “Izimbuzi! Zidle zonke izagathi  
 zami namaklabishi, ukholiflawa  
 nobhontshisi, ubhithrudi nesipinashi futhi. Kukhona  
 oshnye isango livuliwe!”  
 “Bekungemina.”



“It wasn't me.”  
 “Bekungemina.”

Fold



**HEARTLINES**

For copies of *Heartlines' Stories that Talk* (in all 11 languages), and *Stories that Talk 2* (English only) please email [orders@heartlines.org.za](mailto:orders@heartlines.org.za) or phone (011) 771 2540.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Fold 3

*It wasn't me*



*Bekungemina*

Glynis Clacherty  
 Tasia Rosser



Fold



“Bekungemina.”

“Awkho utamatisi! Izimbuzi ziwulile, zadla nezaqathi namaklabishi, ukhohlawa nobhontshisi, ubhithrudi nesipinashi futhi. Kukhona oshnye isango livuliwe!”

“Ngdinga utamatsi, Gogo – engizokwenza ngawo i-bredie,” kusho uMama.

“It wasn’t me.”

“No tomatoes! The goats ate them up and my carrots and cabbages, my cauliflower and beans, beetroot and spinach too. Someone left the gate open!”

“I need tomatoes, Ouma – for bredie,” said Ma.



4

Fold



“Don’t open the gate to my garden, Lily!” Ouma always said. “The goats will get in and eat up all my carrots and cabbages and cauliflower and beans; all my beetroot, tomatoes and spinach too. Don’t open the gate to my garden whatever you do.”



“You boys, you make me crazy! Go to your room!”

“It wasn’t us, Ouma.”

“Yeyi nina batana, niyangidina! Hambani ekamelweni lenu!”

“Bekungethina, Gogo.”





“Oh Lily bird! Lies are wrong. They make everyone sad. But in the end you told the truth. I’m glad you did. You will have to help me plant some new carrots and cabbages and some cauliflower, beans and beetroot, and tomatoes and spinach too.”

And that’s what Lily and Ouma did ... the very next day!

“Uyabona-ke Lily! Akulungile ukuqamba amanga. Adangalisa wonke umuntu. Kodwa ekugcineni ukhulume iqiniso. Ngiyajabula ngoba wenze njalo. Kuzomele ungisize ngitshale kabusha izaqathi, iklabishi, ikholiflawwa, ubhontshisi nobhithrudi, notamatisi nesipinashi futhi.”

Kanti-ke yilokho okwenziwa uLily noGogo ... ngosuku olulandelayo!

“AAAAAA! Izimbuzi zidle zonke izaqathi zami; zidle amaklabishi ami nokholiflawwa nobhontshisi; ubhithrudi wami, utamatisi nesipinashi futhi. Ubani ovule isango elingenele esivandeni sami?” kubuza uGogo.



“AAAAAA! The goats have eaten up my carrots; they’ve eaten my cabbages and cauliflower and beans, my beetroot, tomatoes and spinach too. Who opened the gate to my garden?” asked Ouma.

“Lily, ungalokothi uvule isango elingena engadini yami!” Kwakuhlale kusho uGogo. “Izimbuzi zizongena zidle zonke izaqathi namaklabishi, ukholiflawwa nobhontshisi wami; ubhithrudi, utamatisi nesipinashi sami futhi. Ungalokothi uvule isango elingena engadini yami noma ngabe wenzani.”





... OVER the fence ... Over the fence of  
Ouma's vegetable garden!  
... WEQA ucingo ... Wega ucingo  
Iwesivande sikaGogo!



The dragon-fly flew up and ...

Ujekamanzi wandiza wakhuphuka ...



... up and ...

... wakhuphuka futhi ...



"No veggies, Ouma?" asked Dad.

"No veggies tonight! *Someone* left the gate open!"

**"IT WAS ME!** I'm sorry, Ouma."

Ouma looked sad, Mum looked sad, Dad looked sad and Quinton looked sad, Jerome looked sad and Lily ... Lily was sad too!

"Akunamifino ekudleni, Gogo?" kubuza uBaba.

"Asinamifino kusihlwa nje! *Kukhona* oshiye isango livuliwe!"

**"BEKUYIMINA!** Ngiyaxolisa, Gogo."

UGogo wabukeka edangele, uMama wabukeka edangele, uBaba wabukeka edangele noQuinton wabukeka edangele, uJerome wabukeka edangele, noLily ... noLily wayedangele!

## Get story active!

Here are some ideas for sharing *It wasn't me* with your children.

### Before

Talk to your children about making mistakes. Ask them to think of a time when they made a mistake that affected someone else.

- What was the mistake they made?
- How did they feel when they realised that they had made a mistake?
- What did they do next?
- What else could they have done?

### During

- Use expression in your voice as you read the different characters' words. For example, on page 13 shout out Lily's, "It was me!" in a loud voice and then use a very soft, slightly sad voice when she says, "I'm sorry, Ouma."
- In the beginning, Lily doesn't take responsibility for leaving the gate open and letting the goats into her Ouma's garden. Each time she says, "It wasn't me", the cloud above her head grows bigger. Draw your children's attention to this as you read the story together.

### After

Answer the questions below with your children.

- What mistake did Lily make?
- Why do you think Lily didn't say she was the one who had left the gate open when Ouma first asked?
- Why do you think the picture of the cloud above Lily's head gets bigger during the story and then "rains" on page 12?
- What do you think Lily learnt?
- Is it sometimes scary to own up if you've done something wrong? Why or why not?
- Is owning up the right thing to do? Why or why not?



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo okwabelana nezingane zakho ngendaba ethi, *Bekungemina!*

### Ngaphambi kwesikhathi sokufunda

Khuluma nezingane zakho mayelana nokwenza amaphutha. Zicele ukuthi zicabange isikhathi lapho ezenza khona iphutha elaphatha kabi omunye umuntu.

- Zenza liphi iphutha?
- Zazizwa kanjani uma zithola ukuthi zenze iphutha?
- Zase zenzenjani?
- Yini enye ezazingayenza?



### Ngesikhathi nifunda

- Yenza izwi lakho lizwakalise imizwa ngesikhathi ufunda amazwi abalingiswa abehlukene. Isibonelo, ekhasini le-13 memeza u-"Bekungemina!" kaLily, bese usebenzisa izwi eliphansi kakhulu, elidangele ngesikhathi esethi, "Ngiyaxolisa, Gogo."
- Ekuqaleni, uLily uqale waphika ukuthi nguye oshiye isango livuliwe nokuholele ekungeneni kwezimbuzi engadini kaGogo. Njalo uma ethi, "Bekungemina", liba likhulu ifu eliphezu kwekhanda lakhe. Khombisa izingane zakho lokhu ngesikhathi nifunda indaba ndawonye.

### Ngemva kokufunda

Phendula imibuzo engezansi nezingane zakho.

- Iliphi iphutha elenziwe uLily?
- Ucabanga ukuthi kungani uLily engazange asho ukuthi nguye oshiye isango livuliwe ngesikhathi uGogo ebuza okokuqala?
- Ucabanga ukuthi kungani isithombe sefu elingaphezu kwekhanda likaLily silokhu sikhula ngesikhathi sokuxoxwa kwendaba, bese kuba "nemvula" ekhasini le-12?
- Ucabanga ukuthi ufundeni uLily?
- Kuke kube nzima yini ukuvuma uma wenze iphutha? Kungani uphendula ngokuvuma noma ukuphika?
- Ngabe kuyisenzo esihle ukuvuma uma wenze okuthile? Kungani uphendula ngokuvuma noma ukuphika?

## Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

### About Josh

**Age:** 12

**Lives with:** his father and his aunt

**Speaks:** English, Afrikaans and a little Sesotho

**Enjoys:** anything to do with computers and cellphones; building and flying kites

**Enjoys reading:** teen stories on his cellphone, books about aeroplanes

**Likes to read aloud to:** Bella, Neo and Afrika

**When he grows up, he wants to be:** a pilot



## Ziqoqele abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika bese ugcina bonke abalingiswa bakwaNal'ibali obathandayo bese ubasebenzisela ukwenza ezakho izithombe, izindaba noma yini nje oyicabangayo!

### Mayelana noJosh

**Iminyaka:** 12

**Uhlala:** nobaba wakhe no-anti wakhe

**Ukhuluma:** isiNgisi, isiBhunu neSesotho kancane

**Uthokozela:** noma yini emayelana namakhompyutha nomakhalekhukhwini; ukwakha nokundizisa amakhayinti

**Uthokozela ukufunda:** izindaba zamabhungu namatshitshi kumakhalekhukhwini wakhe, izincwadi ezimayelana nezindiza

**Uthanda ukufundela kakhulu:** uBella, uNeo no-Afrika

**Uma esekhulile ufuna ukuba:** umshayeli wezindiza

## Story corner

Here is the first part of a well-known traditional story about how wanting more and more and more can destroy everything you already have! Enjoy reading it aloud or retelling it.

### The guinea fowl that laid golden eggs (Part 1)

Retold by Helen Brain

Once upon a time there was a very poor man called Mzi.

"The children are hungry, and we have no money to buy food," cried his wife, Pumla. "What are we going to do?"

"I will go hunting," said Mzi. "If I can catch some guinea fowl, then we will have a tasty meal." Off he set into the veld with his catapult and some small stones. Soon he came across a fat guinea fowl in a clearing in the long grass. Mzi took careful aim and was about to fire the catapult when ...

"Please don't shoot," squawked the guinea fowl. "I am a special bird. I can make you rich."

Mzi put down the catapult. "What do you mean?" he asked. "Can you really make me rich?"

"I lay golden eggs," said the guinea fowl. "If you promise not to kill me, I will lay an egg for you."

Mzi scooped up the bird and hurried home.

"Ah, dinner," exclaimed Pumla when he got home. "Kill the bird so I can put it in the pot."

"Oh no," said Mzi. "This isn't just any bird. This is a magic guinea fowl that lays golden eggs."

"You shouldn't believe everything you hear," laughed his wife. "Pass me the axe. I'll kill it myself."

The poor bird got a terrible fright. It clucked so hard that it laid an egg, right there on the doorstep! Pumla looked at the egg and blinked. She rubbed her eyes and looked again. The egg was definitely golden!

Carefully Mzi picked it up. "It's very heavy," he said. "It must be pure gold."

"Solid gold!" clucked the guinea fowl proudly.

"We are rich!" shouted Mzi.

"Can I go now?" asked the guinea fowl.

"Of course not," snapped Pumla, snatching the bird up and putting it in a cage. "You must stay here and lay more eggs."

Then Pumla and Mzi went off to the gold merchant. They sold the egg for lots of money – enough to buy food for a year and a new dress for Pumla. Mzi was very happy. His children had food, his wife had a new dress and he had a magic guinea fowl that laid golden eggs.

**What do you think will happen next? Will the guinea fowl lay more golden eggs? Find out next week!**



Illustration by Samantha van Riet  
Umdwebo wenziwe  
nguSamantha van Riet

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokuqala yendaba yomdabu eyaziwa kakhulu emayelana nokuthi ukulokhu ufuna okungaphezulu, nokungaphezulu, kanye nokungaphezulu futhi kwalokho onakho kungayishabalalisa kanjani yonke into osunayo.

### Impangele eyayizalela amaqanda egolide (Ingxenye yoku-1)

Ixoxwa kabusha uHelen Brain

Kwesukasukela, kwakukhona indoda eyayimpofu kakhulu eyayibizwa ngoMzi.

"Izingane zilambile, asinayo imali yokuthenga ukudla," kukhala inkosikazi, uPhumla. "Sizokwenzenjani?"

"Ngizoyozingela," kusho uMzi. "Uma ngibamba impangele, sizodla kamnandi." Washo ephuma eya ehlathini nesihlilingi sakhe namatshe amancane. Emva kwesikhashana nje wahlangana nempangele ekhuluphele endaweni evulekile esikhotheni. UMzi wama nesihlilingi sakhe ezilungiselele ukuyinemba ngesikhathi ...

"Ungangidubuli," kukhala impangele. "Ngiyinyoni yekhethelo. Ngingakwenza ucebe."

UMzi wabeka phansi isihlilingi sakhe. "Usho ukuthini?" kubuza yena. "Ngabe ungangcebisa ngempela?"

"Ngizalela amaqanda egolide," kusho impangele. "Uma wethembisa ukuthi ngeke ungibulale, ngizokuzalelela iqanda legolide."

UMzi wathatha impangele waya nayo ekhaya.

"A, yisidlo sakusihlwa-ke lesi," kumemeza uPhumla ngesikhathi efika ekhaya. "Bulala impangele ngiyifake ebhodweni."

"Chabo bo," kusho uMzi. "Le mpangele ayifani nezinye. Le impangele yomlingo ezalela amaqanda egolide."

"Kumele ungakholelwa kuyo yonke into oyizwayo," kuhleka inkosikazi yakhe. "Nginike imbazo. Ngizoyibulala ngokwami."

Impangele yabantu yethuka kakhulu. Yakhala kakhulu kangangoba yaze yazalela iqanda, khona lapho phambi komnyango! UPhumla wabuka iqanda wacwayiza. Wacikica amehlo wabuka futhi. Iqanda legolide ngempela!

UMzi waliphakamisa ngokucophelela. "Lisinda kakhulu," kusho yena. "Kufanele ukuthi igolide elicolekile."

"Igolide elicolekile!" kukhala impangele ngokuziqhenya.

"Sesicebile!" kumemeza uMzi.

"Sengingahamba manje?" kubuza impangele.

"Cha," kuthetha uPhumla, egxavula impangele eyifaka ekhejini. "Kumele uhlale la bese uzalela amanye amaqanda."

UPhumla noMzi baya kothengisa igolide. Bathengisa iqanda ngemali enkulu – yayiningi kangangoba yayanele ukudla konyaka wonke nengubo entsha kaPhumla. UMzi wayejabule kakhulu. Izingane zakhe zazinokudla, unkosikazi wakhe wayenengubo entsha kanti yena wayenempangele yomlingo ezalela amaqanda egolide.

**Ngabe ucabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka? Ngabe impangele izozalela amanye amaqanda egolide? Thola lokhu ngesonto elizayo!**

### In your next Nal'ibali supplement:

- Making up stories with your children
- A cut-out-and-keep book, *Tuft and Patch play games*
- Reading Club corner: Days to celebrate in September
- The final part of the Story Corner story, *The guinea fowl that laid golden eggs*

Have you tried our Nal'ibali ringtone and wallpapers yet? Give your phone a literacy makeover and show your support of reading for enjoyment by going to [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) for a range of downloads for your phone.



Find us on Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole ku-Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

### Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukuzenzela izindaba nezingane zakho
- Incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina, *UTuft noPatch badlala imidlalo*
- IKhona Lethimba Lokufunda: Izinsuku ezizogujwa ngoMandulo
- Ingxenye yokugcina yendaba Yekhona Lezindaba, *Impangele eyayizalela amaqanda egolide*

Ngabe usuke wayizama i-ringtone noma ama-wallpaper akwaNal'ibali? Yenza umakhalekhukhwini wakho ube sezintweni ukhombise nokuxhasa kwakho ukufundela ukuzithokozisa ngokuya ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuze uthole okuningi ongakuthwebulela umakhalekhukhwini wakho.

